# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
# *SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN*

**FEBRUARY / MARCH**
***FEBRUARIE / MAART***

**2007**

## ISIZULU ULIMI LWEBELE IZINGA ELIPHANSI

Iphepha Lesibili

**SG**

**123-2/2**

ISIZULU PRIMARY/FIRST LANG SG: Paper 2

123 2 2 SG

X05

11 pages
*11 bladsye*

COPYRIGHT RESERVED / *KOPIEREG VOORBEHOU*
APPROVED BY UMALUSI / *GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI*

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 75**

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu: A, B no-C.
- Esigabeni A, phendula imibuzo emibili kwemine ebuziweyo.
- Esigabeni B, phendula umbuzo owodwa, nasesigabeni C uphendule owodwa.
- Ezigabeni B no C incwadi ngayinye inemibuzo emibili, umbuzo **OYINGXOXO** nombuzo **OMFISHANE**.
- Phendula imibuzo ihambisane kanje:
  - Uma uphendule umbuzo **oyingxoxo** esigabeni B, phendula **omfishane** Esigabeni C.
  - Uma uphendule umbuzo **omfishane** esigabeni B, phendula **oyingxoxo** Esigabeni C.

## ISIGABA A
### IZINKONDLO

### UMBUZO 1

***Imvubelo* – M.A. Maphumulo**

Phendula imibuzo EMIBILI kuphela emibuzweni emine kulesi sigaba.

1.1 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**YISINQIBI**

Ngazibona zigazuk' izindebe zakhe,
Zidebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
Zadebezeka zanemifantu echinc' igazi,
Amehlo ayigazi eshone phakathi.
Kwanga ayedonswa ngenhloso,
Isisu saboshwa ngemivingqo yezintambo;
Ngezimbamb' ojahidada bafund' izibalo,
Izandla zibambene ngoxolo lwemfuno,
Izinwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo;
Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana,
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi.
Nkosi, anginalutho ngingamsiza ngani?
Uma lezi zehlo zingenxa yami,
Ngicela ukuvalelw' amasang' okuphila.

A.M. Maphumulo

1.1.1 Shono okubili okuveza isimo salo muntu. (2)

1.1.2 Moya muni oqukethwe yile nkondlo? Sekela impendulo yakho ngokukhipha umugqa ofakazela lokho. (2)

1.1.3 Imbongi ingumuntu oyikholwa. Tomula umugqa ofakazela lokho. (2)

1.1.4 Chaza la magama atholakala enkondlweni:

(a) Ojahidada. (1)
(b) Amadlodlombiya. (1)

1.1.5 Shono ukuthi bunkondlo buni obutholakala kule migqa elandelayo esenkodlweni.

(a) Amehlo ayigazi eshone phakathi.
(b) Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana (2)

1.1.6 Tomula imvumelwano siqalo etholakala enkondlweni. (1)

1.1.7 Shono umoya otholakala kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (1½)
**[12½]**

**NOMA**

**IMVUBELO**

Baqhub' imbuzi bayadidizela bediyazela,
Umpongo lwezwi luyampompoloza lumpongoloza.
Kuqhuma esiletha umunyu isililo,
Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku,
Kuqhume isililo kuqhume uhleko,
Bancinde encumbeni yegwebu lakho.

Abakuzuzile bacokeme kwantengezelayo amagatsha,
Bakudembesele bakweya wabadakisa badakwa,
Zembuleka gembelekeqe izimfihlo namaqiniso.
Namhlanje mvubelo yolwazi badakwe umbuso,
Kuqhuma uhleko sebeshwashwada beshweshweza,
Kuqhuma isililo kwabakukhafula besab' ukudakwa.

Imiqondo uyivubele wayidunga yadideka,
Iphambili labadida badumala badangala,
Aluhlaza amadlelo waweneka abadoba,
Ukudikibala bakudumaza badumba impumelelo,
Imiqondo ngolwazi uyidakise yaqonda,
Iqonda amaqiniso nezimfihlo okwembulile.

L.F. Mathenjwa

1.2 1.2.1 Nikeza umqondo osobala wenkondlo? (4)

1.2.2 Khipha ukuxhumana maphakathi ebinzeni lokuqala. (1)

1.2.3 (a) Nhloboni yesifenqo lena: "Ukuqhub' imbuzi" (1)
(b) Sichazani lesi sifenqo? (1)

1.2.4 Nhloboni yemvumelwano esebinzeni lesithathu? Tomula isibonelo sayo. (2)

1.2.5 Yini amadlelo? Shono ukuthi ngokwenkondlo leli gama lichazani. (2)

1.2.6 Umuntu odiyazelayo usuke enzani? (½)

1.2.7 Nhloboni yefanamsindo etholakala ebinzeni lesibili ezinhlamvini ezidwetshelwe? (1)

**[12½]**

**NOMA**

1.3 Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo.

**NTANDOKAZI YAMI**

Ezinsizini zakwamhlaba,
Empelathemba kuqhath'umunyu
Kweyam inhliziy'engenasikhundla,
Ngizilahla kuwe S'thandwa,
Sondel'ungiduduze S'thandwa
Ngisondeze kwelakh'igazi
Ngizw'intokomalo yobuwena
Bangigcona ngapha nangapha
Kodw'usifunani isicwicwicwi?
Ntandokazi yami ngingowakho.

Masehlele phansi komuthi,
Masihlal'emthunzin'opholile
Silalel'izinyoni zitshiloza
Ngamaphimbophimbo'afana noju,
Sikhohlw'umhlab'ohlabayo,
Sibon'umhlab'usungowethu.
Sondela sihlangan'okwebumba,
Ak'utshiloz'emnand'ingoma
Zike zithol'ikhef'izinyoni
Kade kusile zibelesele
Zisibongela ngothando lwethu,
Abantu basifel'umona.

Ndoni yami yamanzi,
Ufana nelanga liphum'ehlobo,
Elakh'ikhanda yimbokod'ebushelelezi
Namabhamuz'afana nakaMabhengwana,
Kweyam'ufana nembal'eqhakazil'endle,
Ubusika nehlob'awubuni,
Ngikhanyisele ngobhaqa lothando,
Impilo yami iyachichima,

V.S. Khumalo

1.3.1 Shono izizathu ezimbili ezenza imbongi ifise ukuba nesithandwa sayo. (2)

1.3.2 Yisiphi isizathu esenza abanye abantu bangasithandi lesi sithandwa sayo? (2)

1.3.3 Khipha imvumelwano eyeqayo etholakala ebinzeni lokuqala. (1)

1.3.4 Tomula umusho lapho imbongi incoma amehlo esithandwa sayo bese uyasho ukuthi anjani la mehlo. (2)

1.3.5 Sifenqo sini esitholakala kulo mugqa
"Sikhohlw' umhlab' ohlabayo," (1)

1.3.6 Amaphimbo afana noju ngamaphimbo anjani? (½)

1.3.7 Tomula umusho ebinzeni lesithathu osibonisa ukuthi ubuhle besithandwa sembongi abushintshi. (1)

1.3.8 Khipha ukwenzasamuntu ebinzeni lesibili. (1)

1.3.9 Khipha ukuxhumana ebinzeni lesibili bese uyasho ukuthi nhloboni yokuxhumana. (2)
**[12½]**

**NOMA**

1.4 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Kawubhekeki uyasabeka!
Walinqob' iqhawe leLembe
Lalihlos' ukuzuz' iminyezane ngawe
Likukhomba likuhasha ligiya!
Walihleka kanye lakhophozela
Ekugcineni walinqoba lanqobeka.

Obabamkhulu wababheka
Baphila, bedlula njengethunzi,
EGibhithe wawukhona ubhekile
Mhla kuchithek' igazi elimsulwa.
Wabon' izinsizwa zilwa
Ziya kwaGoqanyawo zingazelele
Ngempikazi yomhlaba yesibili.

Wawukhona qhawe leZulu
Mhla abakwa Xhosa bezigwaza
Ngowabo umkhont' obukhali,
Becabang' ukuth' uzoshay' indida,
Waphashaka Muhlekazi wabahlek' usulu!
Bancind' uthi lomkhangala,
Hawu, Qhawe leNkosi kade ubona
Izinsambatheka zokungazi kwamhlaba.

1.4.1 Nika izizathu ezintathu ezibonisa ukuthi ilanga kudala laba khona. (3)

1.4.2 Shono ukuthi le misho esenkondlweni iqukethe zifenqo zini?

(a) Walihleka kanye lakhophozela.
(b) Baphila, bedlula njengethunzi, (2)

1.4.3 Ilanga linamandla amakhulu, fakazela ngokutomula izizathu zalokhu ezimbili. (2)

1.4.4 Nhloboni yemvumelwano etholakala ebinzeni lesibili? Tomula isibonelo sayo. (2)

1.4.5 Isizwe esenza ubulima yisiphi? Chaza kafushane ukuthi senzani. (2½)

1.4.6 Umuntu uyizuza uma kwenzenjani iminyezane? (1)
**[12½]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]**

## ISIGABA B
## UMDLALO

### UMBUZO 2

***Ngiwafunge Amabomvu* – Molefe L.**

2.1 UZaba waqunga isibindi ngenxa yothando, wathatha izinyathelo eziyingozi waba yidelakufa. Xoxa ngalezi zigameko ezenza imbangi yakhe igcine isihlulekile futhi isixolile. **[25]**

**NOMA**

Phendula umbuzo owodwa kulesi sigaba. Uma ukhetha ukuphendula omude usuyophendula omfishane esigabeni C kanti uma uphendule omfishane lapha phendula-ke omude esigabeni C.

2.2 Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Isiqeshana A:**

| | | |
|---|---|---|
| | | *(Kuselawini lenkosi uMgidi. Kusemini, nokho kumnyama ngenxa yesihenqo esisemnyango. Inkosi ihlezi nenyanga yayo uMzwezwe.)* |
| Mgidi | : | Mzwezwe, uyabona ukuthi ucu luyaqhuma? Luqhuma sengilufakile entanyeni ... ! Uyakubona lokho Mzwezwe? |
| Mzwezwe | : | Ngiyakubona Ndabezitha. Kodwa-ke Ndabezitha mina bengizothi sisalugaxa sisazobheka ukuthi luyalingana na. |
| Mgidi | : | Akukhona ukungiduduza lokho Mzwezwe, mina ngibe ngifuna into eqondile nengangatshazwa? |
| Mzwezwe | : | Ndabezitha, ngilapha ngoba ngizobonela inkosi ukuhamba kwezinto bese ngikweneka kuvele kunjengoba kunjalo. |
| Mgidi | : | Ungakhulumi into engingayizwa Mzwezwe. Amathemba ami akuwe wonke. Uyakuzwa lokho Mzwezwe? Wena uyinyanga kababa uGugudithambo. Wayekwethemba. Angilindele ukuthi uma sekuyimi osesesikhundleni uqale ukuba mathintanyawo ngemisebenzi yakho yalapha koMkhulu. |

| | | |
|---|---|---|
| Mzwezwe | : | Ndabezitha! Inkosi mayeluke, ibuye yetshise ngomzimba ongenaxhala ... |
| Mgidi | : | Nyanga enkulu! Angikhuleki ngoba ngiyinja yakho Mzwezwe, ungadideki. |
| Mzwezwe | : | Ndabezitha! Bengiyini-ke mina Mbomvu? |
| Mgidi | : | Kodwa Mzwezwe uthi impangele ayicoshi izinhlamvu ezingekho kunoxhaka? |

2.2.1 Yisiphi isizathu esenza uMgidi athi ucu uselufakile entanyeni? (1)

2.2.2 Chaza izenzo uThulisile azenza ezabonisa ngokusobala ukuthi uThulisile akayifuni inkosi. (4)

2.2.3 Yimiphi imizamo eyenziwa nguMgidi ukuvimba ukuthi lolu lucu lungaqhumi. (2)

2.2.4 Shono izizathu ezimbili ezibonisa ukuthi uZaba wabe emthanda ngempela uThulisile. (2)

2.2.5 UMgidi wenza iphutha elikhulu ngokubeka uZaba ukuba abe yinhloli yakhe, fakazela lo mbono. (2)

2.2.6 UKhonzeni wazama kanjani ukuqeda udweshu phakathi kukaMgidi noThulisile? Kwaba yini ingozi yale mizamo yakhe. (2)
**[13]**

**Isiqeshana B:**

| | | |
|---|---|---|
| Msank / Mzwez | : | Ndabezitha!<br>*(Kungene uThulisile ephethe khona okuncanyana okuzelwe.)* |
| Mgidi | : | Ndlunkulu, namuhla ngolwakho usuku lokuzogcwalisa ubundlunkulu ze kungabi zindaba zasebukhosini kuphela ezisho kanjalo.<br>*(Athule uThulisile azidlalisele usana. Ihwaqabale inkosi kodwa iyihlabe inhlali.)*<br>Uzomletha lapha umfanyana ngimbone.<br>*(Ayinike inkosi. Imphathe kahle nje sengathi akukho nsolo.)*<br>E, zikhulu zami, ngiyametha lo mfanyana, ngimnika elikaSonkanise.<br>*(Akhiphe ubuhlalu obumhlophe bokumgqizisa, amgqizise.*<br>Lobu buhlalu buzomkhanyisela uSonkanise ezinyanyeni zalapha emzini omkhulu wamaBomvu.<br>*(Kuphihlike kukhale okungumfanyana.)*<br>O, kuthanda ukuzexwaya izingalo zikayise, yingoba kuyazeshwama.<br>*(Akubuyisele kunina.)*<br>Kusho ukuthini lokho Ndlunkulu? |
| Thulisile | : | Anginambono Ndabezitha. |
| Mgidi | : | Angazi noma uMsanka ubethanda yini ukubeka umbandela? |
| Msanka | : | Ndabezitha, akukho lutho ebenginalo ngaphakathi kimi, Ndabezitha! Mbomvu! Ngubane omkhulu! |

2.2.7 Chaza ukuthi yiliphi isiko okwakufanele lenziwe kuSonkanise nokuthi kwenzekani eyamangaza. (3)

2.2.8 Lolu sana lwabe lusezandleni zikayise ngempela na? Chaza. (2)

2.2.9 Lwethelweni igama likaSonkanise lolu sana? (2)

2.2.10 Babezojeziswa kanjani oThulisile nabanye ababedelele inkosi? (1)

2.2.11 Yiziphi izizathu ezimbili ezenza inkosi igcine ibaxolele? (2)

2.2.12 Yini eyakhulunywa nguZaba ngaphambi kokuba ajeziswe? (1)

2.2.13 Wathatha bani ekugcineni uMgidi ukuba abe yindlovukazi? (1)
**[12]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [25]**

## ISIGABA C
## INOVELI

### UMBUZO 3

***Isigcawu senkantolo* – Masondo M.M.**

Phendula umbuzo owodwa kulesi sigaba. Uma uphendule omude ku-B phendula omfishane lapha kanti uma uphendule omfishane ku-B phendula-ke omude lapha.

3.1 Xoxa ngezinkinga uKubheka ayengene kuzo ezagcina zenze ukuthi kube nabanye abantu abazithola sebesenkingeni. Phinda uchaze nokuthi bangobani labo bantu futhi bangena kanjani ezinkingeni bona. **[25]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Isiqeshana A**

Wathi ukuthula uNgubane esadla amathambo ekhanda. Uthe ethatha wabe esethi, "Nkosazana, hamba utshele leyo ndoda ukuthi uthi ummeli iqhinga layo lihle kakhulu, kepha okubuhlungu ukuthi ngeke lisebenze. Umtshele futhi ukuthi ngithi angizwani nabantu abathusana ngenyoka efile."

"Ngiyesabisa okwenyoka leya ndoda, mnumzane. Ibukeka ingumuntu ononya futhi onolaka. Uzibonela uyibhekile ukuthi iyingozi," kuphendula uThokozile.

"Ungesabi nkosazana. Ngeke akwenze lutho, kuphela yena uzifunela imali," kusho uNgubane emisa uThokozile idolo.

"Uma ebuza igama kanye nekheli lakho ngenzenjani?" kubuza uThokozile.

**Pheqa ikhasi**

"Umnike. Umtshele futhi ukuthi ngithe uma enesifiso sokungibona, uyamukeleka. Ukhululeke nkosazana. Impilo yakho ayikho neze engozini," kusho uNgubane.

Asukume uThokozile. Axhawule kuNgubane nakuThandi. Abese evalelisa, "Ngiphume kuwo lo mnyango?" kubuza uThokozile ekhombe umnyango angene kuwo.

"Cha, nkosazana. Phuma kulona," kuphendula uNgubane ekhomba omunye umnyango.

3.2.1 Le ndoda yazethula yathi ingubani kuThokozile? (1)

3.2.2 Chaza ukuthi yayimlandelelelani uThokozile le ndoda? (3)

3.2.3 UNgubane wayeyengezelani le mali? Chaza. (2)

3.2.4 Le ndoda yabe iyingozi ngempela, fakazela lokhu ngezigameko ezimbili ezisenovelini. (2)

3.2.5 Yisiphi isizathu esenza uThandi ahlale esehhovisi likaNgubane? (1)

3.2.6 Ake ukhiphe udweshu olutholakala kule noveli. (2)

3.2.7 Yisiphi isifundo esatholwa nguKubheka. Fakazela impendulo yakho. (2)
**[13]**

**Isiqeshana B**

Kwathi ukuba uButhelezi ezwe lawo mazwi, kwabonakala ngezinwele ezimpunga zithi sithe emnyango.

Ngokushesha iphoyisa lasenkantolo laphuma seliphethe inganono ngesandla, lixosha uButhelezi. Wathi angathi gelekeqe laphaya uButhelezi, kwezwakala iphoyisa limemeza lithi, "Yima! Yima! Kungenjalo ngiyadubula!" lasho lashaya kabili ngesibhamu emoyeni.

Laphaya enkantolo abantu base bemi ngezinyawo bemangele ukuthi kanti kwenzakalani.

UNgubane ebona konke lokhu wathi klabe ngalapho kuhleli ngakhona uKubheka wase ecima iso. Wabuye wathi klabe ngakuZondo, kwahlangana amehlo. UZondo wabheka phansi.

Emva kwemizuzu ethile langena iphoyisa noButhelezi selimbophe ngozankosi. Lamfaka ebhokisini lofakazi kanye nozankosi labo, lase lima eduzane kwakhe. Wasukuma uNgubane wathatha kanje.

3.2.8 Yibuphi lobu fakazi obuvezwa nguNgubane angakwazanga ukubuphika uButhelezi. (1)

3.2.9 Bamangazwe yini laba bantu baze beme ngezinyawo? (1)

3.2.10 Yisiphi isizathu esenza uZondo abheke phansi lapho kuhlangana amehlo akhe nakaNgubane? (2)

3.2.11 Yiziphi izizathu ezenza uNkosikazi Kubheka acabange ukuthi wuye owayengumbulali kaMhlobo. Nika izizathu ezimbili. (2)

3.2.12 Ngubani yena lo muntu owayebulewe? (1)

3.2.13 Shono izizathu zibe mbili uButhelezi azethula ukuze ijaji limzwele lapho lehlisa isigwebo. (2)

3.2.14 Nika izindlela ezimbili zokuphunyuka kwiBlackmailer uNgubane azitshela uKubheka. (2)

3.2.15 UNgubane noKubheka bakhetha yiphi kulezi zindlela? (1)
**[12]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [25]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 75**

**ISIPHETHO**